

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ MXOLISI KAUNDA EMCIMBINI
WOKWETHULWA KOHLELO LWEMIGWAQO YOMPHAKATHI EBILANYONI
EDUMBE MHLAKA 28 JULY 2016.**

- Mphathi wohlelo;
- IMeya yoMkhandlu waseDumbe uKhansela Nxusa;
- IMeya yesiFunda iZululand uKhansela Hlatshwayo
- Amakhosi aseNdlunkulu akhona nezinduna zamaKhosi;
- Amakhansela;
- Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha;
- Abemboni yezokuthutha umphakathi;
- Ubuholi bezinhlaka ezahlukene emphakathini, kuhlanganisa namaqembu epolitiki;
- Umphakathi wonke;

Ngibanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole leli thuba lokuthi njengoMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal sihlangane nomphakathi walapha eDumbe ikakhulukazi eBilanyoni emcimbini walolu hlobo. Namhlanje wusuku lokuthi sizobongela umphakathi walapha sithi halala ngentuthuko eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Lo mcimbi wanamhlanje uyingxenye yeminye eminingi esihlale siyenza njengoHulumeni, hhayi nje ngezikhathi ezithile kuphela mhlambe uma kunokhetho, kodwa kusuka kuqala unyaka wezimali ngo-April kuya ekupheleni kwawo ngoMarch.

Kule micimbi sisuke siya kubantu ukuze sibachazele ngemisebenzi esesiyenzile, nesiyenzayo njengamanje naleyo esizoyenza emiphakathini yakithini.

Kuthangi ngoLwesibili besiseMandeni ngaphansi kwesiFunda iLembe, kwathi izolo saba seNkandla ngayo imicimbi efanayo nalona. Ngaphambi kwalokho bese siye eDannhauser, saya eMtshezi, eMsinga naKwaDukuza.

Ngenkathi ngikhuluma kule miphakathi ngithe okunye okubalulekile ngale micimbi ngukuba sifundisane noma abanye bathi sihabulisane ukuze sonke sibe semzileni owodwa.

Nalapha-ke ngifisa ukuqala ngokuchaza lapha ukuthi inhlango ebusayo kaKhongolose iqhamuke nohlelo lokuthuthukisa isizwe, esilubiza ngeNational Development Plan (NDP), lapho ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kungenye yezinto ezihamba phambili kulona.

Lolu wuhlelo abahlaziyi abaningi asebeluncome kakhulu, bencoma noMengameli wezwe futhi onguMengameli we-ANC ubaba uJacob Zuma, uMsholozzi, ngokuqhamuka nombono weminyaka engamashumi amabili. UMsholozzi ne-ANC baqhamuke nombono oyogcina usebenzela isizukulwane esizayo – isikhathi abanye abaholi bamanje abayobe bengasekho nasemhlabeni. Lesi yisibonelo sokukhathalela abantu ngokweqiniso.

Lolu hlelo lwe-NDP nalo lusekeleke kuMthethosisekelo nomgomo wentando yabantu kulelizwe lapho kugcizelelwa khona ukuthi isisekelo sentuthuko ngokuba abantu babe nomgwaqo, amanzi nogesi.

Phela uma unalezi zinto zontathu usuke usunalezi zinto esithi zi-*basic* empilweni, yizona ezikuvulela indlela yokwenza noma yini engakuthuthukisa kwezomnotho nenhlalakahle jikelele.

Lokhu kusho ukuthi abantu basuke sebenelungelo elilinganayo lokungalingani, *equal right to be unequal*. Kusho ukuthi inkundla yokudlala isuke ilungele wonke umuntu bese kuba kuwena ukuthi uyadlala noma ufuna ukubukela abadlalayo.

Siyazi ukuthi kuningi okwenziwa abantu basemakhaya nasemalokishini ukuziphilisa ngaphandle kokuthi baye emadolobheni amakhulu anezimboni ezinkulu. Kodwa njengoHulumeni kumele thina sakhe isimo lapho umuntu ezokwazi ukuzithuthukisa kulokho akwenzayo lapho ekhona.

Njengoba kungunyaka ka-2016 nje izwe lethu ligubha iminyaka engu-16 yohulumeni basekhaya. Lokho kusho ukuthi nakuba sisazi isikhathi sobandlululo esiphuma kusona, futhi sizazi nezinsalelo esibhekane nazo kule minyaka edlule yenkululeko, kodwa kancane kancane sizogcina sifikile nakulabo abasasalele emuva ekutholeni impilo engcono ngokuphelele.

Siyazi ukuthi kule minyaka edlule ngaphansi kwalo Hulumeni oholwa yi-ANC, sibone abantu abaningi bakhelwa izindlu, bakhelwa imitholampilo, bakhelwa izikole, bahlinzekwa ngamanzi ahlanzekile, bahlinzekwa ngogesi futhi bathola imigwaqo eyityela namabhuloho okuwela imifula.

Ngaphansi kwalo Hulumeni kaKhongolose abantu bakithi abaningi sebehlinzekwe ngemali yesibonelelo ukuze ingabi bikho ingane elala ingadlile.

Ngaphansi kwalo Hulumeni waKwaZulu-Natal, sekube nokwenyuka kakhulu kwesibalo sezikole okufundwa kuzona mahhala neziphakela abafundi ababalelwa ngaphezulu kwezigididi ezimbili ukudla okunempilo khona ezikoleni.

Lolu hlelo luhambisana nokuzibophezela kukaHulumeni ukulwa nendlala nobubha emiphakathini ebonakala intula kakhulu.

Lezi ngezinye zezinto ezenza sithi ngabe umuntu olele kuphela ongathi akaliboni manje igalelo lalo Hulumeni oholwa nguKhongolose ekushintsheni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono.

Phela kukhona abantu, esithi ngesiNgisi 'they sleep through a revolution'. Yibo labo esithi namhlanje nakuba singeke sibasole ngalokho, kodwa siyabafisela ukuthi sengathi bangakubona ukukhanya ngelinye ilanga.

Siyabafisela ukuthi nabo bafane nabantu abaningi emiphakathini yalesi fundazwe abathi nakuba kusekuningi okusamele kwenziwe, kodwa babonga bangaphezi ngokuthi isifundazwe siyaqhubeka nokuba noHulumeni okwazi ukuphendula ezidingweni zabantu.

Nathi ngasohlangothini lukaHulumeni sizoqhubeka siqinisekise ukuthi asilali futhi asiphumuli uma izimpilo zabantu bakithi zingakaguquki zibe ngcono.

Yingakho futhi njengoba kuza ukhetho nje, kuKhongolose sibekele amakhansela ethu umgomo wokuthi ahlale eya kubantu eyobachazela ngasekwenzile ezwe nokuthi bona abantu bathini.

Lokhu kubalulekile ukuze abantu bangadukiswa kalula yilabo ababathembisa ukubenzela izinto kanti vele nohulumeni wabo unezinhlelo zokubenzela lokho ukuze babe nempilo engcono.

Abanye baze baphume benze imibhikisho bavale imigwaqo, bacekele phansi nempahla yomphakathi kanti benziwa ukungazi ukuthi zikhona izinhlelo zokuletha leyo ntuthuko abakhala ngayo.

Kanti nenqubo yentando yeningi nje isifundisa ukuthi nani njengomphakathi kumele nibe yingxenye yalezi zinhlelo zentuthuko.

Kumele nibe yingxenye ngenkathi kwakhiwa ingqalasizinda bese kuba yinina futhi eniba yingxenye yokuyiqapha ukuthi ingacekeleki phansi leyo ngqalasizinda ngoba phela kusuke kungeyenu.

Akukwazi ukuthi uma kukhona ukungagculiseki ngokusebenza kukahulumeni entweni ethile, bese ucekela phansi lokhu osukuzuzile uma wazi ukuthi kungokwakho – phela okusempeleni ayikho into kahulumeni kodwa kukhona eyomphakathi njengoba sikhuluma nge-public service.

Njengoba sengikhulumile ngezinto eziyisisekelo (basic), ukusadingi-ke silokhu sigcizelela manje ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi.

Sonke siyakuqonda ukuthi umgwaqo nebholo yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako.

Yingakho-ke egameni loMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal namhlanje sithi sethula uhlelo lokulungiswa kwemigwaqo engenela emiphakathini, (ama-access road) khona lapha eBilanyoni.

Lolu hlelo luqalwe nguNdunankulu uMacingwane ngenkathi esaphethe kulo Mnyango ngenhloso yokulekelela omasipala ukuba kuthuthukiswe imigwaqo ezindaweni ezingamalokishi, noma lezi esithi ama-*semi urban areas*. UMacingwane waluqala khona lapha eduze eMondlo eBaqulusini, wadlulela e-Edendale naseWillowfontein eMsunduzi eMaritzburg njengoba sesilapha namhlanje.

Ukuletha kwethu lentuthuko kuhambisana nomgomo kaHulumeni wethu wokuthi akukho isikole noma umtholampilo noma yisiphi-ke esinye isikhungo umphakathi ozithola unenkinga yokufinyelela kusona ngenxa yokungabi nomgwaqo ovumela lokho.

Siyazi ukuthi kunezindawo ezingewona amakhaya ngokuphelele kodwa futhi ezinganikwanga ingqalasizinda enjengakwamanye amalokishi ngesikhathi sakudala. Lezi zindawo uthola zinemigwaqo okuphakathi kokuthi iwubhuqu noma itiyela lakhona seliguge ngendlela yokuthi akusahambeki nhlobo ngenxa yemigodi.

Lapha-ke sikhuluma ngemigwaqo engu-8, okunguKhumalo Road, uKwantshu Mavuso Road, Bhomba Road, Ingoja Road, uBrenda Road, uMabizela Road, uDen Nkosi Road noKampange Road.

Kulo msebenzi sifake imali engu-R190.8 million. Silindele ukuthi kuthathe iminyaka yezimali emihlanu ukwakha, kodwa kulo nyaka sizogala ngoBrenda Road, uNgoje Road noKhumalo Road.

Njengenjwayelo uma senza le misebenzi, nalapha kukhona amathuba emisebenzi azoqhamuka nakubantu bendawo, abalelwa ku-175.

Kanjalo nosonkontileka abancane bazothola ingxenye engu-30% wethenda lapho umsebenzi olinganiselwa ku-R59 million uzoya kosonkontileka abangu-27 ku-Grade 1; abangu-17 ku-Grade 2; nabangu-8 ku-Grade 3.

Siyajabula futhi ukuthi kukhona nama-learnship ngaphansi kohlelo lweNational Youth Service (NYS) azolekelela abafundayo ukuba baqede u-NQF Level 3 (iNational Certificate Road Work Construction).

Sifisa ukubongela umphakathi waseBilanyoni ozosizakala ngalolu hlelo oluzokwenza kube ngcono nokuhamba kwezithuthi zomphakathi. Sibongela abafundi abazosizakala uma beya ezikoleni Ekujabuleni Primary, eMbizeni High School, eKanyekanye High School, eKwasa High School, eBilanyoni Primary neSihlangu Sikazulu Primary.

Ngempela asimile siyaqhuba!

Ngithi siyaqhuba ngoba okunye osekungithokozisile lapha ngukuzibonela umsebenzi osuwenziwe kwamanye amaproject amakhulu esifake kuwona izigidi ngezigidi zamarandi lapha eDumbe nje kuphela. Ngaphambi kokuba sizokhuluma lapha sihambele imigwaqo uD1880, saya kuP303 nakuP271.

Emgwaqeni uD1880 osuka eHaasfontein kuye eMsingane River uphinde uxhume nakuP271, sithokozile ukuthi isigaba sokuqala sawo sesiphelile kanti vele noNdunankulu ngenkathi ehlaba isoyi ngonyaka odlule wayeshilo ukuthi kuyoshaya lesikhathi sesiphelile isigaba sokuqala.

Waze washo lapho uMacingwane ukuthi uma sifika ngaphambi kancane kokhetho sizobheka lo msebenzi kuyobe kuziqondanele – nangempela naku silapha namhlanje. Ingu-R275 million imali esiyifake kulo msebenzi wetiyela amakhilomitha angu-22 ubude.

U-P303 ongu-31 kilometres phakathi kweMakateeskop neBraunschweig sifake kuwona imali ebalelwa ku-R328 million. Nakuwona lo mgwaqo sigculisekile ukuthi zonke izinhlelo zisahamba kahle zokuba kwakhiwe isigaba sokuqala.

Kulona wokugcina uP271 osuka eDumbe edolobheni uye ePiens, uMnyango uzame ukusebenzisa izindlela zokonga kodwa kube kwenyuswa izinga lokuletha ingqalasizinda kubantu. Ngakho-ke kube sekusetshenziswa umkhiqizo othile abathi iSoilfix kulo mgwaqo.

Kuningi-ke laba abangonjiniyela abakuchazayo ngalolo hlelo. Kodwa okuvelile ngukuthi zikhona izinselelo ezibekhona mayelana nezinga esilindele ukuba umgwaqo ube kulona. Ngakho-ke kube sekwenziwa uhlelo lokuphesha kabusha ngetiyela bese kuyaqhutshekwa nomsebenzi wonke womgwaqo. Nalapha kusithokozisile ukuthola izincazelo ezicacile.

Sithanda ukubonga nani njengomphakathi ngokubambisana nathi nilokhu nisibekezelela uma sizama izindlela ezizokwenza kube lula ukuletha intuthuko esezingeni kodwa ngezindleko ezincane njengoba nesimo sezimali sicikizela ezweni lonke.

Mangikusho nje futhi ukuthi ngijabulile ngemigwaqo esizoyilungisa lapha eBilanyoni njengoba iqanjwe ngamagama okuzwakalayo ukuthi ngawabantu – okusho ukuthi amagama anomlando owenza abantu balapha bakwazi ukuziyamanisa nawo.

Nale migwaqo ebengiyibala ukuthi besiyihlola namhlanje kanye nayo yonke eminye imigwaqo esifundazweni sesinohlelo esilusebenzayo njengoMnyango lokuba iqanjwe ngendlela enomlando abantu baleyo ndawo abazokwazi ukuziyamanisa nawo.

Uma sibheka isiFunda saseZululand sonke kule minyaka edlule kuze unyaka wezimali odlule ka-2015/16, uMnyango usutshale imali ebalelwa ngaphezulu kuka-R2 billion. Lapho kudaleke amathuba angaphezulu kuka-9 900 emisebenzi, kwakhiwa amakhilomitha angu-143 emigwaqo yetiyela namabhuloho angu-36.

Kulo nyaka wezimali ka-2016/17 uwodwa nje uMnyango utshale imali engaphezulu kuka-R990 million ekufakeni itiyela imigwaqo engamakhilomitha angu-56, kudaleke namathuba emisebenzi abalelwa ngaphezulu kuka-1200 kubantu baseZululand yonkana. Phakathi kweminye imisebenzi esiqhubeka nayo singabala:

- uD1867 phakathi osuka eVusumuzi uye e-Oranjedal esifake kuwona u-R1.4 billion usuwonke – lo mgwaqo uxhumanisa uPhongolo nalapha eDumbe.
- uP700 phakathi koLundi neMpangeni ongu-R1 billion;

- uMbhudula Road eNgoje ongu-R79 million;
- uP49 eNgome ongu-R340 million;
- uP52 KwaNongoma ongu-R423 million;
- noP487 KwaCeza esifake kuwona u-R175 million.

Bafowethu nodadewethu, mphakathi waseDumbe, siyalwazi sonke udaba olusematheni kulezinsuku. Nami ngiyasho lapha ngithi isiyobanjwa ngesithele nayo ngoLwesithathu oluzayo mahlaka 3 August.

Kuningi osekukhulunyiwe, abantu bakithi bezwile futhi babona, ngakho-ke sekukubona ukunquma ukuthi bayabaklomelisa yini labo ababasebenzele benza izimpilo zabo zaba ngcono kule minyaka edlule.

Kodwa mina egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uMacingwane, ngininxusa ukuba niphume ngobuningi niyosebenzisa ilungelo lenu nivote kahle nangobuhlakani.

Siyazi ukuthi uma silapha eDumbe sisendaweni enabantu iqembu labo elisenza imizamo yokungenela ukhetho futhi nathi esizwelana kakhulu nabo.

Angingeni-ke mina lapho ngoba sikhona isigaba lolo daba olukhulunywa kusona. Kodwa ngiyafisa ukukucacisa nje ngukuthi ukuvota komuntu nomuntu kuyasiza uma sekwabiwa izimali zeWadi ngoba kusuke sekunesilinganiso sesibalo sabantu abahlala khona.

Ngakho-ke kuhle kona ukuthembeka eqenjini lakho, kodwa thina esinomoya wokusebenzela bonke abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu kungasikhathaza ukuthi kube nabantu abangavoti.

Mhlambe sengingasho nje ukuthi likhona phela iqembu ongasale usuphephela kulona uma elakho ligcina lingangenanga okhethweni. Uma ubungakalazi, ngingakweluleka nje ukuba uthole umuntu oyi-ANC eduze kwakho akucacisele ukuthi yilaphi la ungaphephela khona.

Sigcina ngokuthi sonke masihloniphe umthethosisekelo nentando yeningi kungabikhona ukusabisana. Masilwe nalesi hlava sokubulalana esisibona kwezinye izindawo lapha esifundazweni, okuyinto esibuyisela emuva njengesizwe.

Sithi njengomphakathi nezinhlaka zonke zomphakathi, masisukume silwe nobugebengu nezidakamizwa ezilimaza intsha nesizwe sethu.

Uma uKhongolose ethi ngalabo hulumeni basekhaya siqinisa amandla emiphakathi, usho ukuthi ngempela amandla akithina njengomphakathi ukushintsha izimpilo zethu, ngokusebenzisana noHulumeni.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela sibonga kakhulu kubantu baseDumbe abahlale bebeseka.

Ngiyabonga